



Imizungezo

Le ncwadi ngeka









Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.

Imizungezo

(Circles)

Illustrated by Patrick Latimer

Written by Alex Latimer

Designed by Gordon Latimer

Edited by Diane Awerbuck

Translated by Nal'ibali

with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 2 December 2017.

ISBN: 978-1-928497-11-0

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.





Imizungezo



Alex Latimer

Gordon Latimer

Patrick Latimer





Eweni kwakuhlala inqe eliselincane
kanye nonina.





Lathi uma selikhule ngokwanele ukuthi lindize,
unina waya nalo phezulu emoyeni base
bezungeza ndawonye, bebukela umhlaba phansi.


“Ngifuna ukukukhombisa into ethile enhle,” unina
etshela indodana yakhe.





Babona inyamazane
endala idiyazela ekushiseni
kwelanga. “Bheka laphaya.
Leya nyamazane ngeke
iphile isikhathi eside.”





Nebala, inyamazane yavele
yawa khona lapho yafa.





Amanqe amabili andiza ehla.
“Akukuhle lokhu,” kwasho inqe elincane
kunina. “Lokhu kubi ngempela!”





“Ngiyazi,” kwasho unina. “Ukufa kunzima kakhulu, futhi kudabukisa kakhulu. Kodwa kuhle futhi.”

“Lutho,” kwasho inqe elincane. “Klo-klo.”






“Awume,” kwasho yena. “Sizobuya lapha
ngokushesha, uzobona.”





Ngesonto elilandelayo, bavakashela
inyamazane efile. Uhlaka lwamathambo
ayo lwaluhlanzekile futhi lumhlophe, kanti
izimila ezincaze zase ziqalile ukukhula
phakathi kwamathambo.







Ngesonto elilandela lelo, amahlumela
ayesekhule aba made, aqhakaza
nezimbali. Uvemvane lwaluzincelela
izimbali neshongololo liziphumulele
emthunzini wazo.







Ngemuva kwesonto, amahloko hloko
amabili ayecosha amaqabunga ukuze
akhe isidleke. Izinyosi zazizithathela impova
ezimbalini. Kanti isicabucabu
sase senze ikhaya laso
phakathi kwezimpondo
zenyamazane.







Kwathi ngemuva kwesonto elilandelayo,
babona inyamazane esencane idla
amahlumela anambithekayo.








“Uyabona-ke?” kwasho unina wenqe.
“Bheka nje impilo elethwa yinyamazane eyodwa. Inikeze ulwembu ikhaya namahlokohloko isidleke, yondle izinyosi nezimvemvane, yakhoselisa ishongololongo, yabuye yasiza isizukulwane esilandelayo sezinyamazane ukuthi sikhule siqinile.”

Inqe elincane lamoyizela.









Womabili andize aphindele emuva
esidlekeni sawo esiphezulu laphaya eweni.







“Akuyona nje kuphela imizimba yethu
esiyishiya ngemuva uma sifa,” kwasho unina
wenqe. “Siphinde sishiye izifundo zethu kanye
nothando nesignakhunjulwa ngakho.”





“Sizishiyaphi zonke
lezo zinto?” kubuza
inqe elincane.





“Sizishiya ezinganeni zethu kanye
nasemindenini yethu nakubangani. Wena
usuvele uyisiqeshana sami esiluhlaza
okotshani emhlabeni, we Linqe Elincane.
Futhi uyohlale uyiso, naphakade.”







